



ALDULAM BERWARIE MENTER

SASTRI COLLEGE

ISIKHUNGO-SEZILIMI - ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA

UKUHLOLWA KOKUPHELA KONYAKA (2018)

IBANGA LESISHIYAGALOMBILI - (GRADE 8)

IPHEPHA LESITHATHU

UMHLELI: N.Z. ZONDI

ISIKHATHI: 90 AMAMINITHI

UMCUBUNGULI: Z. NZAMA

IMIKLOMELO: 30

IMIYALELO KUBAFUNDI

1. Leli phepha linamakhasi ayisi-
2. Lehlukaniiswe iziQephu eziMBILI
 - **ISIQEPHU A** : Indaba (20)
 - **ISIQEPHU B** : Umbhalo odlulisa umyalezo (10)
3. Fundisisa yonke imiyalelo ngaphambi kokuthi uphendule imibuzo.
4. Phendula umbuzo OWODWA ISIQEPHU NGASINYE.
5. Isiqephu ngasinye masiqalwe ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.
6. Bhala uhlaka lube sekhasini lwalo lodwa.
7. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.
8. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhaliwe embuzweni.
9. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

Phenya ikhasi

ISIQEPHU A: INDABA

UMBUZO 1

Khetha isihloko esisodwa kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-90 kuya kwayi-140.

QAPHELA: Bhala **uHlaka** lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

- 1.1 Esikhathini samanje izingane sezizitshela ukuthi zazi kangcono kunabazali bazo. Azisabalaleli ngisho bekhuluma nazo. Bhala **indaba** ngaphansi kwesihloko esithi:

Ubunzima Obubhekene Nabazali Esikhathini Sanamuhla. [20]

Noma

- 1.2 Empilweni siphila nabantu abehlukene. Abanye sibethemba kangangoba sibaxoxela zonke izimfihlo zethu. Abanye babo sibethemba kakhulu sizibone siphephile uma sihlezi nabo. Kunesehlakalo esenzekile empilweni yakho esikwenze wagcina ungasethembi noyedwa umuntu. Bhala **indaba** ngesihloko esilandelayo:

Kungcono Ukwethemba Itshe Kunokwethemba Umuntu. [20]

Noma

- 1.3 Bhala indaba ngalesi sihloko esilandelayo:

Izinkinga Ezidalwa Ukushiswa Kwezitimela Ezweni Lethu. [20]

Noma

- 1.4 Izinga lobugebengu eNingizimu-Afrika lenyuke ngendlela eyesabisayo. Nawe nomndeni wakho senike nabhekana nokugetshengwa. Bhala **indaba** ngesihloko esithi:


Mhla Singenelwa Izigebengu Ekhaya. [20]

Noma

Phenya ikhasi

1.5 Khetha isithombe ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala indaba ngalokho okukufikelayo emqondweni. Yiphe isihloko esiyifanele indaba yakho.

1.5.1



Noma

1.5.2



Amamaki Esiqephu A: [20]

Phenya ikhasi

ISIQEPHU B: Umbhalo odlulisa umyalezo

UMBUZO 2

Khetha umbuzo OWODWA kuie elandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

- 2.1 Njengoba ufunda lapha eThekwini awuhlali nabazali bakho, uhlala nezihlobo zakho. Wena ube nenhlanhla esikoleni ofunda kuso yokukhethwa ube ngumfundi ozokhokhelwa isikole uze ufike ebangeni leshuminambili imali yokufunda ngenxa yekhono onalo lokudlala ibhola. Bhala **incwadi** ubhalele umama wakho umxoxele ngale nhlanhla yakho.

[10]

Noma

- 2.2 Ngenyanga edlule uHulumeni uphasise umthetho wokuthi umthunzi wezinkukhu (insangu) usungasetshenziswa ngokusemthethweni. USifiso noSenzo bahlezi phandle ngesikhathi sekhefu esikoleni bayaxoxa ngalo mthetho. Bhala **ingxoxo** phakathi kwalaba bafana ababili lapho omunye wabo ehambisana khona nalo mthetho, omunye engahambisani nawo.

[10]

Noma

- 2.3 Inkampani yakwaRevlon eyenza izinto zokunakekelwa kwesikhumba ikhiphe umkhiqizo omusha okumele kwaziswe abathengi ngawo. Njengendlela yokuzitholela amasentshana ube nenhlanhla yokuqashwa kwaRevlon ukuba ubakhangisele umkhiqizo wabo. Bhala-ke **isikhangiso** ukhangise lo mkhiqizo. Unikeze **igama** umkhiqizo owukhangisayo.

[10]

Amamaki Esiqephu B: [10]

AMAMAKI ESEWONKE: [30]

Ngikufisela ukubhala okunempumelelo !!!